

Bathenjiswa ukwakhelwa izindlu abashelwa imizi



Abasebenzi bebhangi i-Standard Bank umasipala waseMnambithi uzibophezele ekusizeni abantu abangondingasthebeni ngokubathembisa ukubakhela izindlu Abazozibiza ngamakhaya abo.

Thabile Nxumalo

Umasipala woMkhandlu wasoThukela uhambisana nebhange iStandard Bank bathembise ukwakhela imindeni emithathu yaseMnambithi izindlu. Kwabazohlomula kubalwa umdeni wakwaMazibuko, Hlatshwayo kanye noDlamini. Lesisinqumo sikhishwe zingu 10 kuJune, ehholo lasedolobheni (Town Hall) lapho uMasipala waseMnambithi ofike wabazisa ngokuthi bazokwakhelwa izindlu. Umama Dlamini owashelwa umuzi wakhe ngonyaka ka-2013 udlulise okukhulu ukubonga, uDlamini ikhanda ebeselifihla ezihlotsheni. “Nesimo sami sempilo bese sibucayi, ngikhathazwa ukungabi nakhaya,” kubeka uDlamini. Umndeni wakwa Mazibuko nawo washelwa umuzi kungekho muntu, kwathi okungashanga omakhelwane bakuthatha, kuthe lapho amadodakazi akhona ebuya eGoli kwabe kungasekho khaya. “Lokhu besingakulindele besesizitshelile nje ukuthi asisenakhaya.” Kubeka umndeni wakwaMazibuko. Okhulumela i-Standard Bank ubike

Ukuthi uzimisele ukwakhela izindlu eziwu-30 kuMasipala waseMnambithi, “Lokhu kuseyisiqalo sisazoqhubeka njengo-Standard Bank, “kubeka uNksz. Nelisiwe Mkhize. Abasebenzi bakwa Standard Bank babe sebethembisa ukubuya bezopenda lezizindlu mhlaka-18 July, njengenxenywe yokubuyisela kwebhange emphakathini. Umkhize ube esegxila ngokubaluleka kwale-project, “Kubalulekile njengezakhamuzi zaseNingizimu Afrika ukubambisana, singahlale silinde uhulumeni asenzele izinto,” Ube eseqhuba ethi, “Sinethemba ukuthi amakhaza angakapheli lemindeni iyobe isilitholile ithuba lokungena emizini yabo, nabo bathole ukufudumala.” Ukhansela Mlotshwa ube esevala ngokubonga lesisenzo,” Mina njengekhansela ngivamile ukubikelwa ngezinkinga umphakathi obhekana nazo imihla ngemihla, okulindeleke ukuba ngizisombulule, ngithanda ukubonga uMasipala noStandard Bank ngomsebenzi omuhle ukusiza umphakathi waseMnambithi.”

Kudingidwe ngohlelo lokubuyisa izimilo entsheni (Meral Regeneration Movement) e-Civic Hall

Mthokozisi Hlatshwayo

Seluphindwe lwethulwa kabusha uhlelo lokuhlukumeleliswa kwezimilo oThukela. U-Mkhandlu wasoThukela ubambisene nehovisi likaNdunankulu wakwaZulu - Natal bahlanganele e-Civic Hall zingu 24 June 2016 . Loluhlelo lwethulwe ngokuthi i-Meral Regeneration Movement elihlanganise ngamalunga angu 25 avela koMasipala abehlukene ngaphansi koMkhandlu wasoThukela. Kulamalunga kuqokwe nekomidi labantu abangu 9 (Executive) okuyilona elizoxhumana nehovisi likandunankulu. Ukuvuselelwa kwaloluhlelo kanye nokwakhiwa kwaloluhlaka oluzomela umphakathi owakhele isiFunda sasoThukela lithokozise zonke izihambeli zalomcimbi ngoba sekuzokwazeka ukuxoxa ngezimo ezibhekene nomphakathi emazingeni aphantsi okubalwa kuzo ukulwisana nezidakamizwa (Drugs) ezidla lubi entsheni yanamuhla kanye nobugebengu nokunye bazindlulise ngqo kwihhovisi likaNdunankulu.

Ngesikhathi uSimon Gumede ongumphathi wehovisi i-Operation Sukuma Sakhe kuMasipala waseMnambithi ethula inkulamo yakhe uthathe wathi “ Sibonga ihhovisi likaNdunankulu elimelwe ubaba uNkwanyana ngomsebenzi eliwezile ukuzokwakhela nokuvuselela kwezimilo kubantu, futhi ngiyabaxusa abantu abasha ukuthi bahlukane nokudayisa izidakamizwa ezikoleni ngoba umnikazi wazo usuke ehambela phezulu, futhi abantu abasha mabahlukane nama-Blessers bafunde ukuzimela, futhi loluhlelo lizobuyisa izimilo kubantu ngoba kuyabonakala ukuthi sesiphumile endleleni yakudala okokugcina siyacela ukuthi nosoPolitiki nabamatekisi bazibandakanye naloluhlelo lokuhlukumeleliswa kwezimilo” kuchaza uGumede. Izihambeli zonke ngaphansi kwezinhlangano ezimele umphakathi okubalwa kuzo eyabafelokazi nabafelwa, HIV/AIDS, Uphiko lwabesifazane kanye namadoda nezinye

zindlulise amazwi okulisekela loluhlelo zasho ukuthi luzosiza kakhulu umphakathi kanye nabantu abasha ekulwisaneni nezimo eziyinselulo ezibhekene nabo. Kusenjalo uNdabezitha inkosi yakwa-Khumalo ezinze eDrifontein inabe yathi “ Ngaphansi kwamakhosi siyahambisana naloluhlelo elilethe ihhovisi likaNdunankulu eselike laba khona phambilini futhi sithi azibuye emasisweni lapho kwakunanelwana khona omunye umuntu emazi omunye.” Eqhubeka uthi “kubonakala intsha yethu igxile ezidakamizweni, sithi akubuyelwe ezinganekwaneni naseziphaphicweni ngoba loko kwakubuyisa inhlonipho”. Ebuzwa mayelana nohlelo lwezintombi olusemthetheni kulezizinsuku ukuthi bona bengamakhosi bathini ngoba kwethulwa lohlelo lokusiza izimilo zabantu kanti ngapha inhlangano ye-Gender ayihambisani nokunikezelwa kwemifundazo kwezintombi uthathe wathi “Thina siyakweseka ukunikezelwa kwamatshishi imifundazo ngoba kusukwe kugququzelwa ukuziphatha”

MACSAM AUTO WORKS

PANELBEATERS & SPRAYPAINTING



SIKWENZA KONKE NGAMANANI APHANSI



296 MURCHISON STREET
LADYSMITH KZN 3370
MIC:071 338 9481
SAM:078 016 9587